



# Government Gazette

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Vol. 709

Cape Town  
Kaapstad

30 July 2024

No. 50990

## THE PRESIDENCY

No. 5081                      30 July 2024

It is hereby notified that the President has assented to the following Act, which is hereby published for general information:—

Act No. 15 of 2024: Independent Police Investigative Directorate Amendment, Act, 2024

## IHHOVISI LIKAPRESIDANTI

No. 5081                      30 Julie 2024

Uyaziswa                      ukuthi                      uMongameli  
uyavumelana naloMthetho olandelayo  
oshicilelwe ulwazi jikelele:—

Ino. 15 ka 2024: Umthetho ochibiyela umthetho wehhovisi lomqondisi wezamaphoyisa eliphenye ngokuzimele, 2024

ISSN 1682-5845



9 771682 584003



50990



**AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure**



**UMBHALO OCHAZA OKUJWAYELEKILE:**

[ ] Amagama akubakaki abayisikwele amele okukhishwe emthethweni osebenzayo.

Amagama adwetshelwe ngomugqa ogqamile abonisa okufakiwe emthethweni osebenzayo.

(English text signed by the President)  
(Assented to 25 July 2024)

**UMTHETHO**

Ukuchibiyela uMthetho weHhovisi loMqondisi wezamaPhoyisa eliPhenya ngokuZimele, wezi-2011, ukuze kuchitshiyelwe futhi kufakwe izincazelo ezithile; ukuzimela kweHhovisi loMqondisi nokusebenza kwalo; ukuhlinzekela ukuthi iHhovisi loMqondisi kumele lizimele, lingachemi futhi lisebenzise amandla nemisebenzi yalo ngaphandle kokwesaba, ukuchema, ukubandlulula, noma ithonya elingafanele ukuze liphumelelise isahlulelo seNkantolo yoMthethosisekelo ecaleni lika*McBride noNgqongqoshe Wezamaphoyisa kanye nokunye*, ukuchibiyela imihlinzeko ephathelene nokuqokwa koMqondisi oMkhulu weHhovisi loMqondisi; ukwandisa imisebenzi yoMqondisi oMkhulu maqondana nokudluliselwa kwezincwadi mayelana nezindaba zokuqondiswa kwezigwegwe, ukuhlinzekela ngophenyo lokuhlola ukuphepha ngaphambi kokuba kuqashwe okufanele lwenziwe iHhovisi loMqondisi; ukuhlinzekela izimo zokusebenza zabaphenyi ukuthi zinqunywe uNgqongqoshe; ukuhlinzekela ukuthi iHhovisi loMqondisi liphenye noma yikuphi ukufa okudalwe izezenzo zelungu loMbutho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika noma ilungu lombutho wamaphoyisa kamasipala, noma ngabe lelo lungu belisemsebenzini noma belingekho emsebenzini; ukuhlinzekela ukuthi iHhovisi loMqondisi liphenye ngokudlwengula kwelungu loMbutho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika noma ilungu lombutho wamaphoyisa kamasipala, noma ngabe lelo lungu belisemsebenzini noma belingekho emsebenzini; ukuqinisa imihlinzeko ephathelene nokuqaliswa kwezincwadi zokuqondiswa kwezigwegwe; ukuhlinzekela imihlinzeko yokonga mayelana nezimo zokusebenza zabaphenyi abakhona kanye nezinhloko zezifundazwe; ukuchibiyela eminye imihlinzeko yoMthetho weHhovisi loMqondisi wezamaPhoyisa eliPhenya ngokuZimele, wezi-2011, ukuze kuqinisekise ukuthi iHhovisi loMqondisi lenza umsebenzi walo ngempumelelo; kanye nokuhlinzekela izindaba ezihlobene nalokho.

**U**ZOMISWA iPhalamende laseNingizimu Afrika, ngale ndlela elandelayo:—

**Ukuchibiyela isigaba 1 soMthetho 1 wezi-2011**

1. Ngakho-ke isigaba soku-1 soMthethongqangi sichitshiyelwe—

- (a) ngokushutheka ngaphambi kwencazelo “yeKomidi” le ncazelo elandelayo: 5  
“**isampula yebuccal**” kushiwo isampula *yebuccal* njengoba kuchazwe esigabeni se-15E(e) soMthetho woMbutho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika;”;

- (b) by the insertion after the definition of “Directorate” of the following definition:  
 “**‘Directorate for Priority Crime Investigation’** means the Directorate for Priority Crime Investigation established in terms of section 17C of the South African Police Service Act;” 5
- (c) by the insertion after the definition of “Executive Director” of the following definition:  
 “**‘executive head of a municipal police service’** means the executive head of a municipal police service appointed in terms of section 64C of the South African Police Service Act;” 10
- (d) by the insertion after the definition of “financial year” of the following definition:  
 “**‘firearm’** means a firearm as defined in section 1 of the Firearms Control Act, 2000 (Act No. 60 of 2000);” 15
- (e) by the deletion of the definition of “fixed date”.
- (f) by the insertion after the definition of “Minister” of the following definition:  
 “**‘municipal manager’** means a municipal manager as defined in section 1 of the Local Government: Municipal Systems Act, 2000 (Act No. 32 of 2000);” 20
- (g) by the insertion after the definition of “municipal police service” of the following definition:  
 “**‘National Commissioner’** means the National Commissioner of the South African Police Service, referred to in section 6(1) of the South African Police Service Act;” 25
- (h) by the insertion after the definition of “organ of state” of the following definition:  
 “**‘Provincial Commissioner’** means the Provincial Commissioner of a province as appointed in terms of section 6(2) of the South African Police Service Act;” 30
- (i) by the insertion after the definition of “security clearance certificate” of the following definition:  
 “**‘South African Police Service’** means the South African Police Service established under section 5 of the South African Police Service Act;” and 35
- (j) by the insertion after the definition of “South African Police Service Act” of the following definition:  
 “**‘State Security Agency’** means the State Security Agency as referred to in section 3(1) of the Intelligence Services Act, 2002 (Act No. 65 of 2002);”.

#### Amendment of section 3 of Act 1 of 2011 40

2. Section 3 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (2) of the following subsection:

“(2) The Directorate must exercise its functions in accordance with the Constitution, this Act and any other relevant law.”.

#### Amendment of section 4 of Act 1 of 2011 45

3. Section 4 of the principal Act is hereby amended—

(a) by the substitution for subsection (1) of the following subsection:

“(1) The Directorate [**functions independently from the South African Police Service**] is institutionally and operationally independent.”; and 50

(b) by the addition of the following subsection:

“(3) The Directorate must be independent, impartial and must exercise its powers and perform its functions without fear, favour, prejudice, or undue influence.”.

- (b) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “iHhovisi loMqondisi” le ncazelo elandelayo:  
 “**iHhovisi loMqondisi eliPhenya Amacala Akhethekile**’ lichaza iHhovisi loMqondisi eliPhenya Amacala Akhethekile elisungulwe ngokwemigomo yesigaba se-17 C soMthetho wezoMbutho wamaPhoyisa waseNingizimu Afrika;”;
- (c) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “uMqondisi oMkhulu” le ncazelo elandelayo:  
 “**inhloko eyisiphathimandla kumbutho wezamaphoyisa kamasipala**’ ichaza inhloko eyisiphathimandla kumbutho wezamaphoyisa kamasipala eqokwe ngokwemigomo yesigaba sama-64C soMthetho wezoMbutho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika;”;
- (d) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “unyaka wezimali” le ncazelo elandelayo:  
 “**isibhamu**’ sichaza isibhamu njengoba kuchaziwe esigabeni soku-1 se-*Firearms Control Act, 2000 (Act No. 60 of 2000)*;”;
- (e) ngokususa incazelo “usuku olunqunywe”.
- (f) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “uNgqongqoshe” le ncazelo elandelayo:  
 “**umphathi kamasipala**’ uchaza umphathi kamasipala njengoba kuchaziwe esigabeni soku-1 se-*Local Government: Municipal Systems Act, 2000 (Act No. 32 of 2000)*;”;
- (g) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “umbutho wamaphoyisa kamasipala” le ncazelo elandelayo:  
 “**uKhomishana kaZwelonke**’ uchaza uKhomishana kaZwelonke woMbutho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika, ovezwe esigabeni sesi-6(1) soMthetho woMbutho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika;”;
- (h) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “igatsha lombuso” le ncazelo elandelayo:  
 “**uKhomishana wesiFundazwe**’ uKhomishana wesiFundazwe esifundazweni oqokwe ngokwemigomo yesigaba sesi-6(2) soMthetho wezoMbutho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika;”;
- (i) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “isitifiketi esigunyaza ukuthola imininingwane ethile” incazelo elandelayo:  
 “**uMbutho wezamaPhoyisa waseNingizimu Afrika**’ uchaza uMbutho wezamaPhoyisa waseNingizimu Afrika osungulwe ngaphansi kwesigaba sesi-5 soMthetho woMbutho wezamaPhoyisa waseNingizimu Afrika;”;
- (j) ngokushutheka ngemuva kwencazelo “uMthetho woMbutho wezamaPhoyisa waseNingizimu Afrika” le ncazelo elandelayo:  
 “**uPhiko lezokuVikela loMbuso**’ lichaza uPhiko lezokuVikela loMbuso elivezwe esigabeni sesi-3(1) se-*Intelligence Services Act, 2002 (Act No. 65 of 2002)*;”.

### Ukuchibiyela isigaba 3 soMthetho 1 wezi-2011

2. Ngakho-ke isigaba sesi-3 soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(2) lesi sigatshana esilandelayo:  
 “(2) IHhovisi loMqondisi kufanele lenze imisebenzi ngokulandela uMthethosisekelo, lo Mthetho kanye neminye imithetho esemqoka.”.

### Ukuchibiyela isigaba 4 soMthetho 1 wezi-2011

3. Ngakho-ke isigaba sesi-4 soMthethongqangi sichitshiyelwe—
- (a) ngokufaka endaweni yesigatshana soku-(1) isigatshana esilandelayo:  
 “(1) IHhovisi loMqondisi [**lisebenza ngokuzimele oPhikweni lwezeMisebenzi yamaPhoyisa aseNingizimu Afrika**] lizimele njengesikhungo futhi nangokusebenza.”; futhi
- (b) ngokwengeza isigatshana esilandelayo:  
 “(3) IHhovisi loMqondisi kufanele lizimele, lingachemi futhi lisebenzise amandla futhi liqhube imisebenzi ngaphandle kokwesaba, ukuchema, ukwenzelela, noma ngokulawula abathile.”.

**Substitution of section 6 of Act 1 of 2011, as amended by section 1 of Act 27 of 2019**

4. The following section is hereby substituted for section 6 of the principal Act:

**“Appointment, remuneration and conditions of service of Executive Director**

- 6.** (1) The Minister must— 5
- (a) appoint a panel to assist the Minister to identify suitably qualified candidates for appointment as the Executive Director, in accordance with a procedure determined by the Minister; and
- (b) nominate a suitably qualified person and submit the name of such person to the relevant Parliamentary Committee. 10
- (2) The relevant Parliamentary Committee must, within a period of 30 parliamentary working days from the date of the submission of the name of the suitably qualified person contemplated in subsection (1)(b), confirm or reject such nomination.
- (3) (a) In the event of the nomination made in terms of subsection (1)(b) being confirmed by the relevant Parliamentary Committee, the Minister must appoint the nominated person as the Executive Director to head the Directorate in accordance with the responsibilities listed in section 7, for a non-renewable period of seven years. 15
- (b) The person to be appointed as Executive Director must— 20
- (i) be a South African citizen;
- (ii) be a fit and proper person;
- (iii) possess an appropriate qualification in law, safety and security, or in administration of criminal justice or forensic investigation;
- (iv) have knowledge of safety and security, the policing environment and public administration for a cumulative period of between eight to 10 years at senior management level, at least three years of which must be within an organ of state as defined in the Constitution; and 25
- (v) with due regard to his or her experience, demonstrate high levels of conscientiousness, integrity and commitment to human rights. 30
- (4) The remuneration, allowances, benefits and other terms and conditions of service of the Executive Director must be determined by the Minister, with the concurrence of the Minister responsible for Finance.
- (5) (a) When the Executive Director is unable to perform the functions of office, or when the Executive Director position is vacant, the Minister may, with the concurrence of the relevant Parliamentary Committee, designate another person to act as Executive Director until the Executive Director returns to perform the functions of office, or until the vacant post is filled; and 35
- (b) In the event of the Executive Director position being vacant, the position must be filled within six months from the date of such vacancy in accordance with the process contemplated in subsections (1) to (4). 40
- (c) If the vacant Executive Director position is not filled within a period of six months, the Minister must provide the relevant Parliamentary Committee and the Minister for Public Service and Administration with reasons for the delay and request an extension of the period which must not exceed a further period of six months.”. 45

**Amendment of section 7 of Act 1 of 2011**

5. Section 7 of the principal Act is hereby amended— 50
- (a) by the substitution for subsection (2) of the following subsection:
- “(2) The Executive Director is responsible for the appointment of the provincial heads of each province as contemplated in section [22(1)] 20(1).”;

**Ukushintsha isigaba 6 soMthetho 1 wezi-2011, njengoba sichitshiyelwe isigaba 1 soMthetho 27 wezi-2019**

4. Ngakho-ke isigaba esilandelayo sifakwe endaweni yesigaba sesi-6 soMthethongqangi:

**“Ukuqokwa, umholo nemibandela yokusebenza koMqondisi oMkhulu 5**

6. (1) UNgqongqoshe kufanele—

(a) aqoke iphaneli ezosiza uNgqongqoshe ukuthola abantu abafanele abaneziqo ekuqokeni uMqondisi oMkhulu, ngokulandela inqubo enqunywe uNgqongqoshe; futhi

(b) akhethe umuntu ofanele futhi oneziqo futhi athumele igama lalowo muntu eKomidimi lePhalamende eliqondene. 10

(2) IKomidi lePhalamende eliqondene kufanele, zingakapheli izinsuku zokusebenza kwePhalamende ezingama-30 kusukela ngosuku lokuthumela igama lomuntu ofanele oneziqo ovezwe esigatshaneni soku-(1)(b), liqinisekise noma lichithe lowo okuphakanyiswe igama lakhe. 15

(3) (a) Uma ukuphakanyiswa kwegama ngokwemigomo yesigatshana soku-(1)(b) kuqinisekisiwe iKomidi lePhalamende eliqondene, uNgqongqoshe kufanele aqoke lowo muntu okuphakanyiswe igama lakhe abe uMqondisi oMkhulu oyinhloko yeHhovisi loMqondisi ngokulandela imisebenzi esohlwini lwegigaba sesi-7, isikhathi esiyiminyaka eyisikhombisa engeke ivuselelwe. 20

(b) Umuntu ozoqokwa njengoMqondisi oMkhulu kufanele—

(i) abe isakhamuzi saseNingizimu Afrika; 25

(ii) abe umuntu okulungele futhi okufanele;

(iii) abe neziqo ezifanele zomthetho, ukuphepha nezokuvikela, noma ukulawula kwezobulungiswa noma ophenyweni olunzulu;

(iv) abe nolwazi lwezokuphepha nokuvikela, ukuqapha indawo nokuphatha umphakathi iminyaka ephakathi kwesiyishiyagalombili ukuya kweyi-10 esezingeni lokuphatha, okungenani iminyaka emithathu engaphansi kwegatsha lombuso njengoba kuchaziwe kuMthethosisekelo; futhi 30

(v) mayelana nolwazi analo lomsebenzi, abonise ukuqwashiseka, ukuthembeka nokuzibophezela kumalungelo oluntu.

(4) Umholo, izibonelelo, izinzuzo kanye neminye imibandela nemigomo yokusebenza koMqondisi oMkhulu kufanele kunqunywe uNgqongqoshe, ngokuvumelana noNgqongqoshe obhekele izimali. 35

(5) (a) Uma uMqondisi oMkhulu engakwazi ukwenza imisebenzi yehhovisi, noma uma isikhala soMqondisi oMkhulu sivulekile, uNgqongqoshe angase, ngokuvumelana neKomidi lePhalamende eliqondene, aqoke omunye umuntu abe ibamba likaMqondisi oMkhulu aze abuye uMqondisi oMkhulu ukuzoqhuba imisebenzi yehhovisi, noma kuze kugcwaliswe isikhala esivulekile; futhi 40

(b) Uma kunesikhala sikaMqondisi oMkhulu, leso sikhala kufanele sigcwaliswe zingakapheli izinyanga eziyisithupha kusukela ngosuku esavuleka ngalo ngokulandela uhlelo oluvezwe ezigatshaneni (1) ukuya 45

(c) Uma isikhala sikaMqondisi oMkhulu singagcwalisiwe ezinyangeni eziyisithupha, uNgqongqoshe kufanele anikeze iKomidi lePhalamende eliqondene kanye noNgqongqoshe wezeMisebenzi yoMphakathi nokuPhathwa kwayo izizathu zokubambezuleka kanye nesicelo sokunweba isikhathi okufanele kungeqi izinyanga eziyisithupha.”. 50

**Ukuchibiyela isigaba 7 soMthetho 1 wezi-2011**

5. Ngakho-ke isigaba sesi-7 soMthethongqangi sichitshiyelwe—

(a) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(2) isigatshana esilandelayo:

“(2) UMqondisi oMkhulu ubhekele ukuqokwa kwezinhloko zezifundazwe esifundazweni ngasinye njengoba kuveziwe esigabeni [22(1)] 20(1).”;

- (b) by the substitution for subsection (6) of the following subsection:
- “(6) (a) The Executive Director must ensure that recommendations regarding disciplinary matters are referred to the National Commissioner and where appropriate, to the relevant Provincial Commissioner, National Head or Provincial Head of the Directorate for Priority Crime Investigation, the executive head of the relevant municipal police service, or the Minister. 5
- (b) The Executive Director must ensure that recommendations regarding disciplinary matters involving— 10
- (i) a Provincial Commissioner are referred to the National Commissioner; 10
- (ii) the Deputy National Head or Provincial Head of the Directorate for Priority Crime Investigation are referred to the National Head of the Directorate for Priority Crime Investigation; 15
- (iii) the National Head of the Directorate for Priority Crime Investigation are referred to the Minister; 15
- (iv) the National Commissioner are referred to the Presidency through the Minister; and 20
- (v) the executive head of a municipal police service to the relevant municipal manager. 20
- (c) In the event that the National Commissioner is being investigated by the Directorate, he or she may not directly or indirectly exercise his or her executive functions or authority in relation to such matter.”; and
- (c) by the substitution for subsection 9 of the following subsection:
- “(9) The Executive Director may upon receipt of a complaint, or upon becoming aware of a complaint, cause to investigate any offence allegedly committed by any member of the South African Police Service or a member of a **[Municipal Police Services]** municipal police service, and may, where appropriate, refer such investigation to the National or Provincial Commissioner concerned.”. 25 30

#### Amendment of section 8 of Act 1 of 2011

6. Section 8 of the principal Act is hereby amended—
- (a) by the substitution for the heading of the following heading: 35
- “**[Composition] Appointment of members of national office**”;
- (b) by the deletion of subsection (1); and 35
- (c) by the substitution for subsections (3), (4), (5), (7) and (8) of the following subsections, respectively:
- “(3) (a) A person may not be appointed as a member of the national office unless information with respect to that member has been gathered in an appropriate pre-employment security screening investigation, as prescribed by the Minister; and 40
- (b) once the person has been appointed he or she must be issued with a security clearance certificate after a vetting investigation in terms of the Intelligence Services Act, 2002 (Act No. 65 of 2002). 45
- (4) The pre-employment security screening investigation contemplated in subsection (3), must be **[done in conjunction with the National Intelligence Agency, as referred to in section 3 of the Intelligence Services Act, 2002 (Act No. 65 of 2002)]** conducted by the Directorate. 45
- (5) The **[Executive Director]** Directorate must issue a pre-employment security **[clearance]** screening certificate in respect of such person wherein it is certified that such person has successfully undergone a security **[clearance]** screening and is appointed as an employee of the Directorate. 50

- (b) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(6) isigatshana esilandelayo:
- “(6)(a) UMqondisi oMkhulu kufanele aqinisekile ukuthi iziphakamiso ezimayelana nezindaba zokuqondiswa kwezigwegwe zidluliselwa kuKhomishana kaZwelonke futhi uma kunesidingo, kuKhomishana wesiFundazwe, iNhloko kaZwelonke noma iNhloko yesiFundazwe yeHhovisi loMqondisi eliPhenya Amacala Akhethekile, inhloko eyisiphathimandla yombutho wamaphoyisa kamasipala, noma uNgqongqoshe. 5
- (b) UMqondisi oMkhulu kufanele aqikelele ukuthi iziphakamiso ezimayelana nezindaba zokuqondiswa kwezigwegwe ezithinta— 10
- (i) uKhomishana wesiFundazwe zidluliselwa kuKhomishana kaZwelonke;
- (ii) iPhini leNhloko kaZwelonke noma leNhloko yesiFundazwe eHhovisi loMqondisi Eliphenya Amacala Akhethekile kudluliselwa kwiNhloko kaZwelonke yeHhovisi loMqondisi Eliphenya Amacala Akhethekile; 15
- (iii) iNhloko kaZwelonke eHhovisi loMqondisi Eliphenya Amacala Akhethekile kudluliselwa kuNgqongqoshe;
- (iv) kuKhomishana kaZwelonke kudluliselwa kuMongameli ngokusebenzisa uNgqongqoshe; futhi 20
- (v) inhloko eyisiphathimandla yombutho wezamaphoyisa kahulumeni kumphathi kamasipala oqondene.
- (c) Esimweni lapho uKhomishana kaZwelonke ephenywa iHhovisi loMqondisi, akufanele aqhube ngqo noma ngenye indlela imisebenzi yakhe yokuba isiphathimandla noma igunya kulezo zindaba.”; futhi 25
- (c) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-9 isigatshana esilandelayo:
- “(9) UMqondisi oMkhulu uma esethole isikhalazo, noma ngesikhathi azi ngesikhalazo, enze kuphenywe icala okusolwa ukuthi lenziwe ilungu loMbutsho wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika noma ilungu lombutho wamaphoyisa kamasipala [uPhiko IwezeMisebenzi yamaPhoyisa oMasipala], uma kunesidinngo angaphinda adlulisele lolo phenyo kuKhomishana kaZwelonke noma wesiFundazwe ofanele.”. 30

#### Ukuchibiyela isigaba 8 soMthetho 1 wezi-2011

6. Ngakho-ke isigaba sesi-8 soMthethongqangi sichitshiyelwe—
- (a) Ngokufaka endaweni yesihloko lesihloko esilandelayo: 35
- “**[Ukwakheka] Ukuqokwa kwamalungu ehovisi likazwelonke**”;
- (b) ngokususa isigatshana soku-(1); futhi
- (c) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(3), (4), (5), (7) nesesi-(8) lezi zigatshana ezilandelayo, ngokulandelayo:
- “(3) (a) Umuntu ngeke aqokwe njengelungu lehovisi likazwelonke ngaphandle uma imininingwane yangaphambi kokuqashwa ephathelene nalelo lungu isiqokelelwe ophenyweni lwemvelaphi oluqondene njengoba kunqume uNgqongqoshe”; futhi 40
- (b) uma umuntu eseqokiwe kufanele anikezwe isitifikeli esigunyaza ukuthola imininingwane ethile ngemuva kophenyo lokuqasha ngokwemigomo ye-Intelligence Services Act, 2002 (Act No. 65 of 2002). 45
- (4) Uphenyo lwangaphambi kokuqashwa ngemvelaphi oluvezwe esigatshaneni sesi-(3), kufanele [ngokuhlanganyela noPhiko IwezoBunhloli lukaZwelonke, njengoba kushiwo esigatsheni sesi-3 se-Intelligence Service Act, 2002 (Act No. 65 of 2002)] lwenziwe iHhovisi loMqondisi. 50
- (5) [UMqondisi oMkhulu] iHhovisi loMqondisi kufanele likhiphe isitifiketi sangaphambi kokuqashwa sokugunyaza [ukuthola imininingwane] ukuhlolwa kulowo muntu esizofakazela ukuthi Iowa muntu usegunyaziwe ukuba [athole imininingwane ethile] ukuhlolwa futhi useqokwe njengomsebenzi weHhovisi loMqondisi. 55

(7) The **[Executive Director]** State Security Agency, after consultation with the **[National Intelligence Agency]** Directorate, must withdraw a security clearance certificate referred to in subsection **[(5)] (3)(b) [if he or she obtains information which]**, if after evaluation by **[him or her]** the State Security Agency, **[causes him or her]** the State Security Agency **[to believe]** believes that the person in question could be a security risk or acted in any manner prejudicial to the objects of this Act. 5

(8) If the security clearance certificate referred to in subsection (7) is withdrawn, the person concerned is unfit to continue to hold such office and the Executive Director **[must]** may discharge him or her from the Directorate.”. 10

#### **Amendment of section 9 of Act 1 of 2011**

7. Section 9 of the principal Act is hereby amended by the substitution for paragraph (e) of the following paragraph: 15

“(e) identify and review legislative needs in consultation with the Secretariat and report on such matters to the **[Secretariat]** Minister;”.

#### **Amendment of section 10 of Act 1 of 2011**

8. Section 10 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (3) of the following subsection: 20

“(3) The Executive Director may not delegate any of the powers, functions or duties referred to in sections 7(1), (2), (3), (5), (6), (7), (8)[, (9)] and (10), 8, 20, 22, 31(2), 32(1) and (2), and 34 **[of this Act]**.”.

#### **Amendment of section 16 of Act 1 of 2011**

9. Section 16 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (2) of the following subsection: 25

“(2) The Executive Director or Secretary, in consultation with one another, may invite any person or a representative from a government Department or Institution, not mentioned in subsection (1)<sub>2</sub>, to a meeting of the forum if a particular matter concerns such a person, government Department or Institution.”.

#### **Repeal of section 19 of Act 1 of 2011** 30

10. Section 19 of the principal Act is hereby repealed.

#### **Amendment of section 21 of Act 1 of 2011**

11. Section 21 of the principal Act is hereby amended by the deletion in subsection (1) of paragraph (m).

#### **Amendment of section 22 of Act 1 of 2011** 35

12. Section 22 of the principal Act is hereby amended—

(a) by the substitution for subsection (1) of the following subsection: 40

“(1) The Executive Director, in consultation with the relevant provincial head, must, in the prescribed manner, appoint a fit and proper person as an investigator of the Directorate, subject to subsections (2), (3) and (4).”.

(b) by the substitution in subsection (2) for paragraph (a) of the following paragraph: 45

“(a) must have at least a grade 12 or equivalent certificate **[or]** and a relevant diploma or degree; and”

- (6) [UMqondisi oMkhulu] UPhiko lwezokuVikela kuZwelonke, ngemuva kokuxoxisana [noPhiko lwezoBunhloli lukaZwelonke] neHhovisi loMqondisi, kufanele lihxise isitifiketi sokugunyaza ukuthola imininingwane ethile esishiwo esigatshaneni sesi-[(5)] (3)(b) [uma lithola imininingwane azothi], uma liyihlola [lona] uPhiko lwezokuVikela kuZwelonke, lilenze [lona] uPhiko lwezokuVikela kuZwelonke likholelwe ukuthi Iowa muntu okukhulunywa ngaye angaba ingozi kwezokuvikeleka noma usebenze ngendlela engahambisani nezinjongo zalo Mthetho. 5
- (8) Uma isitifiketi esishiwo esigatshaneni sesi-(7) sihxiswa, umuntu oqondene engakulungele ukuqhubeka abambe isikhundla, uMqondisi oMkhulu [kufanele] angase amkhiphe eHhovisi loMqondisi.”. 10

#### Ukuchibiyela isigaba 9 soMthetho 1 wezi-2011

7. Ngakho-ke isigaba sesi-9 soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokufaka endaweni yendima (e) indima elandelayo: 15
- “(e) veza kanye nokubuyekeza izidingo zomthetho ngokuxoxisana neHhovisi likaNobhala kanye nokubika lezo zindaba [eHhovisi likaNobhala] kuNgqongqoshe;”.

#### Ukuchibiyela isigaba 10 soMthetho 1 wezi-2011

8. Ngakho-ke isigaba se-10 soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(3) isigaba esilandelayo: 20
- “(3) UMqondisi oMkhulu ngeke anikezele ngamandla akhe, imisebenzi noma ngezibophezelo ezishiwo ezigatsheni zesi-7(1), (2), (3), (5), (6), (7), (8), (9), kanye nese-(10), (8), 20, 22, 31(2), 32(1) kanye nesesi-(2), kanye nesama-34 [salo Mthetho].”.

#### Ukuchibiyela isigaba 16 soMthetho 1 wezi-2011

9. Ngakho-ke isigaba se-16 soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(2) isigatshana esilandelayo: 30
- “(2) UMqondisi oMkhulu noma uNobhala, ngokuxoxisana, bangamema noma ubani noma omele uMnyango kaHulumeni noma isiKhungo, ongabaluliwe esigatshaneni soku-(1), emhlanganweni wethimba uma udaba oluthile luthinta lowo muntu, umnyango kaHulumeni noma isiKhungo.”.

#### Ukuchithwa kwesigaba 19 soMthetho 1 wezi-2011

10. Ngakho-ke isigaba se-19 soMthethongqangi sichithiwe.

#### Ukuchibiyela isigaba 21 soMthetho 1 wezi-2011 35

11. Ngakho-ke isigaba sama-21 soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokususa isigatshana soku-(1) sendima (m).

#### Ukuchibiyela isigaba 22 soMthetho 1 wezi-2011

12. Ngakho-ke isigaba sama-22 soMthethongqangi sichitshiyelwe—
- (a) ngokufaka endaweni yesigatshana soku-(1) lesi sigaba esilandelayo: 40
- “(1) UMqondisi oMkhulu, ngokuxoxisana nenhloko yesifundazwe, kufanele, ngendlela enqunyiwe, baqoke umuntu ofanele futhi okulungele ukuba umphenyi eHhovisi loMqondisi, ngokwesigatshana sesi-(2), sesi-(3) nesesi-(4).
- (b) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(2) sendima (a) le ndima elandelayo: 45
- “(a) okungenani kufanele abe nesitifiketi sebanga leshumi noma isitifiketi esilingana naso, [noma] futhi neziq ezifanele; futhi”

- (c) by the substitution for subsection (4) of the following subsection:  
 “(4) The pre-employment security screening investigation contemplated in subsection (3), must be **[done in conjunction with the National Intelligence Agency, as referred to in section 3 of the Intelligence Services Act, 2002 (Act No. 65 of 2002)]** conducted by the Directorate.”; and 5
- (d) by the substitution for subsection (5) of the following subsection:  
 “(5) The **[Executive Director or official so delegated by him or her]** Directorate must issue a pre-employment security screening certificate in respect of such person wherein it is certified that such person has successfully undergone a pre-employment security **[clearance]** screening and is appointed as an investigator in terms of this Act.”. 10

#### Substitution of section 23 of Act 1 of 2011

13. The following section is hereby substituted for section 23 of the principal Act:

#### “Remuneration and conditions of service of investigators” 15

23. The conditions of service, including the salary and allowances payable to an investigator appointed under this Act, **[must be on par with members appointed as detectives in terms of the South African Police Service Act]** shall be determined by the Minister in consultation with the Minister responsible for Finance.”. 20

#### Amendment of section 24 of Act 1 of 2011

14. Section 24 of the principal Act is hereby amended—

- (a) by the insertion in subsection (2) after paragraph (b) of the following paragraph:  
 “(bA) the taking of buccal samples in terms of the South African Police Service Act;” 25
- (b) by the substitution in subsection (3) for paragraph (a) of the following paragraph:  
